

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communication and Information System (GCIS) English/isiZulu Nhlolanja 2019 Ushicilelo 2019 SONA 2019

There's a stylish new kid on the clothing block



Page 4

SONA SPECIAL EDITION



Page 2 - 11



Building a better South Africa

 **ALSO AVAILABLE ON:**

 

 @VukuzenzeleNews  Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za
E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0353

FREE COPY

Did you know? THE 2019 ELECTIONS WILL BE HELD ON 8 MAY 2019

Help for small businesses

GOVERNMENT will be giving entrepreneurs a boost which also opens a gap for job creation.

President Cyril Ramaphosa says government will this year focus on expanding the small business incubation programme.

The incubation programme provides budding entrepreneurs with physical space, infrastructure and shared services, access to specialised knowledge, market linkages, training in the use of new technologies and access to finance.

"The incubation programme currently consists of a network of 51 technology business incubators, 10 enterprise supplier development incubators and 14 rapid youth incubators.

"As part of the expansion of this programme, town-



ship digital hubs will be established, initially in four provinces, with more to follow," said the President when delivering his second State of the Nation Address, in Parliament recently.

The President said it was expected that the hubs will provide most-needed entrepreneurial services to small and medium enterprises in the rural areas and townships - but more especially

to young people who want to start their own businesses.

The specific focus on the small business incubation programme was due to the role small businesses play in stimulating economic activity and employment and in advancing broad-based empowerment.

"Our greatest challenge is to create jobs for the unemployed of today, while preparing workers for the jobs of tomorrow," he said.

Tax Incentive

"We have come up with great plans, platforms and initiatives through which we continue to draw young people in far greater numbers into productive economic activity through

initiatives like the Employment Tax Incentive.

"This incentive will be extended for another 10 years," said President Ramaphosa.

Government will also intensify the "buy South Africa" programme.

"..We will pursue measures to increase local demand through, among other things, increasing the proportion of local goods and services procured both by government and the private sector."

He said increasing local demand and reducing the consumption of imports is important because it increases the opportunities for producers within South Africa to serve a growing market. ■

Izinyathelo eziyisisekelo eziphumelalise usomabhizinisi

ISIPILIYONI SASEMSEBENZINI sinike usomabhizinisi waseMpumalanga Kapa amakhono abewadinga ukwakhela yena nezisebenzi zakhe ikusasa eliqhakazile.

Siya Miti

Owayengumphathisitolozokwakhela u-Anele Peti seziqhenya ngokuba wumnikazi wenkampani eyakha izitini eqashe abantu abangama-32.

I-IncaPeace Trading, etholakala enkwalini eku-R61 phakathi koMthatha ne-Libode, ihlinzekela izitolo ezidayisa impahla yokwakhela eMthatha, eLibode naseQumbu.

UPeti wathola isipiliyoni embonini yezokwakhela ngenkathi esebenza njengomphathi e-Built It eQumbu ekuqaleni kweminyaka yezi-2000 nasekusebenzeni enkwalini eyayidayisa izinsiza zokwakhela imikhiqizo. Wathi

uma ebona izidingo zomphakathi, wabhalisa i-IncaPeace Trading ngowezi-2013 eqale ukusebenza ngowezi-2015.

UPeti (oneminyaka yobudala engama-35) uthe inkampani yaqala iyincane, ikhiqiza izitini eziyizi-3 000 ngosuku enezisebenzi eziyisishiyagalombili kodwa liye lakhula eminyakeni emibili edlule. Uhlele ukukhulisa ibhizinisi lakhe nohlobo lomkhiqizo futhi avule amanye amathuba emisebenzi.

"Umgomo wethu manje sekuwukukhiqiza izitini eziyizi-14 000 ngosuku. Njengamanje sikhiqiza izitini ezingaphezu kwezi-12 000 ngosuku". "Kuzokwakhela imisebenzi elinganiselwa kuma-94 njengoba kuzosetshenzwa amahlandla amabili futhi sizothola umshini wesibili. Lokhu kuzokwandisa

umkhiqizo nomgomo wethu."

Ibhizinisi lakhe lihlinzeka ngamathuba okuqeqeshela umsebenzi futhi liqasha abantu basendaweni. Uthe, "Sizinikele ekuthuthukiseni abantu basendaweni ngenfundo futhi ngenxa yalokho, sikhapha imifundaze ukusiza izingane zezisebenzi zethu zifunde.

I-IncaPeace Trading isebenzisana kakhulu nenkwali esendaweni ekuyo, ehlinzeka ngezinsiza zokwakhela imikhiqizo.

Oyinhloko yezengcuphe kwezengqalabhizinisi EsiKhungweni Sezokuthuthukisa Amabhizinisi eMpumalanga Kapa (i-ECDC) uPhakamisa George uthe lulinganiselwa kuzi-700 000 zamarandi uxhaso olwanikwa i-IncaPeace njengengqalabhizinisi. I-IncaPeace iphinde yakwazi



■ Njengamanje u-Anele Peti uqashe abantu abangama-32 enkampanini yakhe eyakha izitini.

ukungena esivumelwaneni sokuthengisela u-Build It no-Buffalo Timber izitini.

Imali evele ku-IDC yasetshenziselwa ukusiza le nkampani ukuhlangabezana nezidingo zesivumelwano sayo esisha ne-Built It ne-Buffalo Timber.

Ngonyaka odlule, i-ECDC ihlinzeke inkampani ngemali esisigidi samarandi ngohlelo lwengcuphe kwezengqalabhizinisi, okwenze i-IncaPeace

yakwazi ukuthenga ogandaganda bokumba namaloli okuthutha amatshe agayiwe eya embonini eseLibode.

"Ukukhula kwezinkampani ezinjenge-IncaPeace kusho ukuthi uhlelo lwengcuphe yengqalabhizinisi lwe-ECDC luyawufeza umgomo walo njengesikhungo sotshalomali. Ukwesekwa okunikwa lezi zinkampani kuzivumela ukuthi zikwazi ukuthola uxhaso kwabanye abaxhasi." ■

Ikhemese yokuqala iwusizo oludingwa yidolobha elincane



■ USokhemese uVumile Mzinzi uguqule izimpilo zezakhamizi zase-Mount Fletcher ngokuvula ikhemese yokuqala edolobheni elincane laseMpumalanga Kapa.

Siya Miti

USokhemese omncane waqopha umlando ngokuvula ikhemese yokuqala edolobheni elincane lase-Mount Fletcher eMpumalanga Kapa ngowezi-2017. UVumile Mzinzi

owathweswa iziqu eNyuvesi yaseNtsholanga Koloni (i-UWC), uthe yize lilincane, leli dolobha linabantu abaningi abahlala kulo futhi iindawo zasemakhaya eziningi zisebenzisa lona. Uchaze wathi ngaphambilini, izakhamizi kwakumele zikhiphe ama-R70 okugibela

I-MOUNT FLETCHER eyasungulwa ngowe-1882 yayingakaze ibe nekhemesi edolobheni kwaze kwaba nosomabhizinisi omncane oyivulayo.

ukuya nokubuya e-Maclear - idolobha eliseduze, elikude ngamakhilomitha angama-62 - ukuthola izinsiza ezitholalaka ekhemese.

Ngaphambi kokuvulwa kwe-Ithalomso Pharmacy, izinsiza ezitholalaka ekhemese e-Mount Fletcher bezitholalaka esiBhedlela i-Taylor Bequest kuphela, futhi bekungezeziguli zakuleso sibhedlela kuphela.

UMzinzi wathweswa iziqu ngowezi-2010 futhi ubesebenza ekhemese lasesi-Bhedlela i-Nelson Mandela Central eMthatha ngaphambi kwesinqumo esashintsha impilo yakhe' sokuvula ibhizinisi lakhe e-Mount Fletcher.

Uthe ukuvula ikhemese bekudinga ucwaningo olukhulu nokubonisana

ukuqinisekisa ukuthi izokwazi ukusebenza. Ukhethe i-Mount Fletcher ngoba ingekho ikhemese ebeyiseduze futhi ebona amathuba okuthuthuka kwendawo.

Ngokutshala e-Mount Fletcher, usokhemese owazalelwa eNgcobo uvule amathuba omsebenzi waqasha abantu abayisishiyagalombili bezigodi ezizungeze le ndawo.

Isikhungo Sezokuthuthukisa Amabhizinisi eMpumalanga Kapa (i-ECDC) sisize ngoxhasomali nokubhala uhlelo lwebhizinisi okumsize ukuze akwazi ukugqonda kwezinye izikhungo zezimali ukuyocela uxhaso.

Inhloko yezengcuphe kwezengqalabhizinisi e-ECDC uPhakamisa George uthe lesi

sikhungo sisiza osomabhizinisi ngokuthuthukisa imibono yamabhizinisi kuze kufikwe esigabeni lapho bekwazi ukuhlangabezana nezidingo zabaxhasi ezivame ukuba nzima.

U-George uthe, "Lokhu kwesekelwa kuvela ngezindlela ezahlukene, okuwukulawula, ucwaningo lokuthi umsebenzi ungaphumelelana, ukuthuthukisa nokuhlola izinhlobo ezahlukene, izindleko zokulandelwa kwemithetho njengokuHlo-lwa Komthelela Kwezemvelo, amalaysense amanzi nezinhlelo zebhizinisi. I-ECDC ijabule kakhulu ngokuthi ikwaze ukugcwalisa isibophosayo ne-Ithalomso, ngokusiza ikhemese lithole uxhaso oluvela ngaphandle." ■

Squeaky clean success for Mthatha entrepreneur

AMINA CHEM is an example of how good marketing and support from government can give birth to brilliant business success.

Siya Miti

Growing and nurturing a business is what cleaning company founder Siviwe Mnyaka is all about.

He decided to leave the corporate life of marketing behind and ventured into producing, marketing and distributing cleaning products through his company.

Mnyaka's company, was founded in 2012 and is based in Mthatha in the Eastern Cape.

The company has the ability to produce about nine tons a day of a range of different cleaning products which are

used for laundry, automotive, bathroom and kitchen cleaning products. This company has a variety of 60 different cleaning materials.

"We specialise in the manufacturing and marketing of quality cleaning detergents and equipment for both industrial and domestic cleaning and maintenance," said Mnyaka.

He added that Amina Chem has grown over the years with its turnover being more than a R1 million.

He added that in the inception stages of the company he only had two employes but this has grown to 17 people.

Amina Chem's success

can also be attributed to the support it received from the Eastern Cape Department of Economic Development Environmental Affairs and Tourism (DEDEAT).

The company received a boost of R1.5 million for equipment. Along with R600 000 from the Small Enterprise Development Agency (Seda) which also was ploughed into purchasing equipment.

"Since 2012 we have grown from manufacturing products by hand in 200 litre drums to semi-automated stainless steel tanks. Our growth has been organic as it has been purely led by customer base growth and new product de-



■ Producing about nine tons of cleaning materials is all in a day's work for Siviwe Mnyaka.

velopment."

The growth led us to move from a 150 square meter factory flat to a 483 square meter factory.

Currently Amina Chem has a client base of over 200 regular customers and supplies clients including several hos-

pitals, Walter Sisulu University as well as funeral parlours, car wash businesses and bus company AB350.

Mnyaka said the experience he received in the marketing industry helped him in growing his business to what it is today. ■